

## **UMA UNGAKAQALI UKUBHEMA, UNGABE USAQALA**

Njalo ngomhlaka 31 enyangueni kaMay iminyango ka-Hulumeni ihambela imiphakathi eyahlukahlukene kumhlaba wonke kuqwashiwe ngogwayi.

Umnyango wezempi eSisonke uluthathile le-ligxathi njengoba kade wenze umcimbi wokuqwasha-isa ngogwayi endaweni yase Riverside eMzimkulu. Um-phakathi wakulendawo ubuphume ngobuningi bawo ukuzothamela lomcimbi. Osebenza kuMnyango wezeMpilo eSisonke ngaphansi kwesibhedlela iChrist The King uNksz C Parsons uyale abangakaqali ukubhemu ukuthi banagabe besaqla. Ekhuluma ebhekise kakhulu kubantwana besikole ababethamele umcimbi

Wabalula ububi bukag-wayi uma usuze waqala ukuwubhema. U Parsons ohlala nabantwana bakhe kanye nomnyeni wakhe uthe okubi kakhulu ukuthi banomtwana oseze waphathwa isifo sesifuba somoya ngenxa yokugxila kwabo kugwayi kanti okubi ukuthi bayafisa ukuyeka ukuze baphile impilo engenawo ugwayi ezimpilweni zabo kodwa awuyekeki.

Owabe eyisikhulumi sosuku kulomcimbi uNksz T Msimanga ophuma kwa CANSA wabalula ukuthi alinganiselwa ku 4500 amakhemikhali athakwayo uma kwakhiwa ugwayi kanti wonke lamakhemikhali anobungozi. Uphinde



**UNksz C. Parsons osebenza kuMnyango weZempilo**

Wabalula nokuthi zingaphezu kuka 2000 izinhlobo zomdlavuza ongaba sengcupheni yokuthi uphathwe ezinye zazo uma ubhema

ugwayi, kanti umuntu ohlala noma oba lapho kubhenywa khona naye uyaba sengcupheni yokugula.

## **Provincial Oral and Dental Health Event**

Sisonke Health District invited more than 3000 people to Emadungeni Tribal Court to attend the MEC event that was held on the 4th of August 2007. The purpose of this event was to make people aware of oral and dental health.

Delivering her speech on this day MEC P Nkonyeni, emphasized that people must take care of their mouths. She made the community aware of dental problems,

Preventives measures and dental services that they can get in the following hospitals: EG & Usher, Christ The King, St Apollinaris, St Margaret, Rietvlei and Pholela CHC. She then reminded the community about the importance of celebrating and remembering the struggle of women as we all know that it a women's month. She left garden implements for poverty eradication and tooth brushes/pastes for oral health.



**MEC N P Nkonyeni and iNkosi (Chiliza) Madungeni**

# LuyaqhubeKa Uhlelo Lokwakhiwa Nokulungiswa KweMitholampilo



UNksz Sthembile Dlamini-CUBP Co-ordinator



UMnu Musa Zuma-Chief Works Inspector

Unkosazana Sthembile Dlamini obhekelele ukwakhiwa kwemitholampilo uthi luyaqhubeKa uhlelo njengoba kuneminye imithilampilo okulindeleke iqalwe khona maduze nje. Ngomhlaka 8 ku June 2007 kwabe kunomhlangano nalabo ababhekelela ukuqinisekisa izindawo lapho kumele kwakhiwe khona izakhiwo endaweni yase Mqatsheni, kanti bafike baqinisekisa ukuthi kuzoqalwa ukwakhiwa. Lomhlangano wabe uhanjelewe nayiMeya yakwa Sani kanjalo nomphakathi wabe uphume ngobungi bawo. OkaDlamini ubike ukuthi nase Shayamoya isikhonjiwe indawo lapho kuzokwakiwa khona umtholampilo kanti kulindwe abahloli bomhbathu kanye nabamanzi ukuzobheka ukuthi ngabe lendawo iyavumelana

Nokuthi kwakhiwe kuyo. Endaweni yakwa Sokhela eDonnybrook kusamisiwe ukwakhiwa koMtholampilo ngenxa yezingqinamba ezibe khona nenkampani eyabe iqashiwe ukuba iqhube umsebenzi kanti kulindeleke ukuthi kuphinde kuqhubeke ukwakhiwa khona maduze nje.

Khona manjalo luyaqhubeKa uhlelo lokulungiswa kwemitholampilo ngaphansi kwesiFunda iSisonke njengoba obhekelele loluhlelo uMnu Musawenkosi Zuma ethi kuhamba kahle kakhulu. Uthi yena ubhekelele ukulungisa lezo zakhiwo eseziphe zisetshenziswa kanjalo nezindlu ezihlala abahlengikazi. Ubuye asebezisane noNksz Dlamini njengoba kumele azi mayelana nezinto ezifana

Namapayipi, amathange amanzi, izinqgalasizinda, izinsiza kusebenza kanye nokunye kanti kumele ayihambe nemihlangano ephathelene nokwakha njengoba kumele azi ukuthi kuqhubeKani. UZuma ubuye abhekelele nezasmakhaza njengoba asabuyela ngaphansi kowezempilo. Kumele azi ukuthi izinsiza kusebenza zibhekeliwe kanjalo ne generator esebezenza uma ugesi ungedeko. Uphinde anike izibhedlela usizo, enze imidwebo yalabo abazimele okumele benze imisebenzi emitholampilo ungena nakwikomiti elibhekelele ukuthi ukusebenza kuqhubeKa ngendlela ezibheldela nakwimitholampilo ukuze anike usizo olwanele noludingekayo.

## Sisonke Clinics are now maintaining their gardens

The garden has taken a new look ever since staff were workshoped on the new 5-bed planting plan. This plan involves planting a new bed every month so as to ensure continuous production of vegetables throughout the year. One of the clinics that the planting plan is being implemented successfully is Tsatsi clinic at KwaSani Municipality. Nutrition programme thanks the involvement of grounds men,

nursing staff, general orderlies and community health workers. The General orderly at Kilmun clinic in Ingwe Municipality has already implemented the 5-bed planting plan in the garden. She also works together with a group of community health workers who bring patients and community members to the garden.



5-bed planting plan

# Sisonke Health District Quality Assurance Team

"This is the Sisonke Health District Quality Team, whose members respect each other because they all understand the concept of quality assurance surveys as well as the importance unannounced visits to the institutions." Said Mrs M H Khumalo at the end of Quality Assurance workshop that was held at Ingeli lodge from 24—27 July 2007

She invited Mrs A Khathi-Quality Assurance Deputy Manager from the province to facilitate in Batho Pele and Patients Rights principles. Technical Advisor Mrs B Ndlela who is working for Integrated Primary Health Care (an NGO supporting Sisonke district), was also one of our facilitators, she played a big role in strengthening team spirit. Sisonke Health District Quality Team is now a united and strong team.



## Sisonke Health District Finance Section



Miss T M Nzama District Finance Manager

Budget for institutions was announced in the District Management Team meeting that was held in May. Finance manager said all Umzimkulu institutions have got their own budget this year.

Sisonke health District is also in a process of recruiting supply chain management staff for Umzimkulu institutions. Miss Nzama said most of Umzimkulu suppliers are registered in KwaZulu Natal

Department of Health Data Base.

### **"Challenges facing Sisonke district"**

Accommodation and conference facilities, Transport services, Trainers that are not accredited with SETA,

Suppliers are encouraged to provide the above mentioned services in Sisonke.

## Okokuqala Nqqa enkundleni yezemidlalo

Ihhovisi IoMnyango weZempilo eSisonke kube okuqala ngqa ukuba lingenele imidlalo yesifunda liquhadelane nezinye izikhungo zezempiro. Leliqembu lihlanganisa nabasebenzi base makhazeni.

Kumdlalo wabo wokuqala badlala ngokulingana nabezosizo-oluphuthumayo nokuyinto encomeke kakhulu njengoba kuyiqembu elisezingeni eliphezulu nelihlonishwayo kulemiquhudelwano yesifunda. Kwabe sekuthi ngomzulismwano wesibili base

Bekhishwa i St Apollinaris nayo engaconsi phansi kwezebhola lezinyawo. Abasebenzi babonga kakhulu kubaphathi boMnyango ngakho konke abakwenza ukuze konke lokhu kube yimpumelelo.

Sibafisele okuhle kodwa labo abazoya komela isifunda emidialweni yesifundazwe eyobe ibanjelwe e Richardsbay enyangeni ka October.

**"We work we play, we get to know each other better"**



Sisonke Health District Team in uMzimkhulu grounds

# Ezokuthutha kuMnyango weZempilo eSisonke

Umphathi wezokuthutha ngaphansi kweSisonke Health District uthanda ukubonga ukubambisana kubona bonke abasebenzi balomnyango ekwenzeni ukusebenza kuhambe ngendlela futhi kubelula.

Umn. J Mazibuko uthi bake babhekana nenkoinga enkuleni emva kwesaziso esabe si-phuma e Easten Cape soku-landa zonke izimoto njengoba izinhlelo zaseMzimkulu sezin-gaphansi kweKwaZulu Natal eSisonke.

U Mazibuko uthanda ukubonga uNkosazana Manyoni kuMnyango weZempilo enhloko hhovisi eMgungundlovu , kanjalo nophiko lweziphumayo esibhedlala i Wentworth ngegalelo abalenzile ukusizana neSisonke. Lokhu kulandela ukuba kunikezelwe ngezimoto eziyishumi nesikhombisa ezintsha ceke. Lezimoto zisatshalaliswe kuzona zonke izikhungo zeZempilo kuMasipala wase Mzimkhulu kanti seziqalile ukusebenza njengoba kungasekho neyodwa imoto yase Eastern Cape kuleyandawo.



Umn. J Mazibuko umphathi wehhovisi lezokuthutha kanye nasebenzisana nabo uNksz Z Magubane no Mnu T Tukuma

## Human Recourses Development Section



Mrs ZR Dladla Human Resources Development Practitioner

Human Recourses Development Program is a mandate from Skills Development Act of 1998. It is aiming at developing skills of all people of South Africa and also aimed to redress the imbalances of the past in education, training and development of all employees. In Sisonke Health District there are various programmes in place to help developing skills in as many people as possible at every level with emphasis on NQF levels 1 to 4. There are many different programmes that

are offered e.g. Learnerships that are granted to employees who have no post matriculation qualification. Internships for diplomats and graduates to assist them to gain experience. Orientation and Induction which should be implemented by all institutions to old and new staff members. All employees must be trained on EPMDS and all supervisors to ensure that the system is implemented effectively. Bursaries are offered for disadvantaged learners.

## Singalwa negciwane lengculazi ngokubambisana

"Yiba umfanekiso kaNkulunkulu ukuze uvikeleke eziphiphini zomhlaba esiphila kuwo". Lawa ngamazwi ashiwo umama uN S Radebe umphathi womnyango eSisonke ngenkathi kunenkozo yokukhulekela igciwane lengculazi nesandulela salo. Lenkonzo yabe ibanjelwe ehholo lase Buhlebezwe ngo June kuwona lo nyaka. Kwabe

kuphelele bonke abafundisi abasebenzisana noMnyango weZempilo. Umsebenzi wabo uyabonakala njengoba bezinika isikhathi sokuhambelababo abaphila negciwane babanike imikhuleko bahlale beseduze kwabo uma bebadinge. Wonke umuntu owabe ehambele lenkonzo wabe evathe ezakhe njengoba nomama uRadebe wabe evathe ezakhe zase Weseli



Umf N J Sthole, Mrs Radebe kanye nomf A Z Stuurman

# SIXOXA NGEZITHOMBE

**Uhambe kahle umzuliswa wokuqala kanjalo nowesibili wo-kugomela isifo Sovendle kanye nesimungumungwane, lomkhankaso udonse isonto Ionke enyangeni kaMay kanye noJuly**



Umhengikazi Nzimande elungiselela ukugoma abantwana abangaphansi kweminyaka emihlanu. Lokhu kwabe kwenzeka kulolonke leli njengoba uMay no July kwabe kuyizinyanga zokulwa nalezizifo. Umnyango wezempiro eSisonke ububambisene kahle nabezikhungo ukuqhuba lomkhankaso.

Nakuba sebetsheliwe omuntuza abancane ngokuthi ba-zogonywa, badlula bamangala kwazise kwabe kuyinto abaqalayo ukuyibona futhi bengazi ukuthi kuyinto enjani. Okwabe kuhamba phambili ukukhala ubungqayingqayi ngoba bebona abahlengikazi behla benyuka, kanti abakhonzi ngoba bazi ukuthi bayajova.



Babembuka emehlwani umhengikazi B Maphanga ngenkathi ebanika amaconsi sebethule du bengazi ukuthi okulandelayo yini. Abahlengikazi babengazibekile phansi belungiselela imijovo ezojova bona labo muntuza emva kokuba sebethole amaconsi. Kanti umzuzu wokujova kwabe kuwumzuzu abangawuthakaselanga neze njengoba iningi labo liwusaba kakhulu.

UNkosazana Sbusisiwe Zama ongumhloli weZempilo eSisonke wayeqinisekisa ukuthi labo muntuza asebegomile bayaphawulwa ukuze bakwazi ukubonakala ukuthi sebegomile ukuze bangaphindeki kibili. Lokhu ungakubona kuwumsebenzi olula kanti kwabe kunzima nakho njengoba babengafuni nezandla zabo ukuze baphawulwe ngoba becabanga ukuthi kusewuwo umjovo.

# Ihambe ngendlela imidlalo eSisonke



Ibe impumelelo imidlalo ebihlelelwé ukuba ibe ngomhlaka 21 July 2007 kuMnyango weZempilo eSisonke neyabe ibanjelwe ezinkundleni zemidlalo eMzimkulu esibhedlela. Lemidlalo ehlanganisa ibhola labafana kanye namantombazane iyaye ibanjwe njalo ngonyaka kuzona zonke izifunda ukuhlunga abadlali abaya komela isifunda kumqundulwano wesifundazwe. Inhoso yalokhu ukwakha ubumbano kanye nonobudlelwano kwizikhungo ezahlukahlukene zeZempilo. Kanti lokhu kufezekile njengoba kwaze kwaphela imidlalo engekho onyathele omunye kubona bonke abasebenzi ababebambe iqhaza ngalolusuku. Zonke izikhungo kumnyango weZempilo eSisonke zilibambile iqhaza kulemidlalo kusukela emalungiselweleni kuze kufike usuku lwemidlalo.


Isibhedlela i Rietvlei imangaze abaningu ngenkathi iziphumela kalula nje nendebe ebholeni labafana. Kwabe kungokokuqala nqga ukuthi iRietvlei iyingenele lemidlalo njengoba kade ingaphansi kwe Eastern Cape, bakhombisa ukujabula kakhulu abasenzi babhiyoza inkundla yonke bethi bayongena ngayo ekhaya ku Nkz N Kheswa nongumphathi wesibhedlela. Abosizo oluphuthumayo (EMRS) baphuma isibili nabo bathola indebe bequhuelana nayo iRietvlei. Ebholeni lamantombazane i Christ The King yahamba phambili kanti sekuyinto eyejwayelekile ukuthi iziwinele lendebe njengoba nangoyaka odlule yabe ihlezi kubo. Umzimkulu wabe usuphuma isibili kanti nawo wakhombisa okukhulu ukujabula ngokuhlomula indebe.

Farewell to those who left Sisonke Health District for greener pastures

Compiled By Thabisile Ngcobo-Public Relations Officer

## Human Resources Department

Sisonke Health District Management has been joined by Mr. C S Kheswa. He started to work as a Human Resources Manager from June 2007. He took over this position after Mr. C M Ngubelanga who got a senior post in the Provincial Department of Health. Mr. Kheswa was working as a Manager in Pholela Community Health Centre from



Mr. C S Kheswa—Sisonke Health District Human Resources Manager